Umkhandlu Wamabandla i-**Diakonia**
Isikhathi Sobulungiswa Emphakathini 2013
Izifundo zeBhayibheli

Ingqikithi:

Ibandla Njengendawo Ehlumelelisa Impilo / lewens-bevestige kerke/ Churches as life-affirming communities

[Amabandla lawa akholwa ngukuthi uJesu uze ukuba sibe nokuphila, sibe nakho kuchichime (uJohane 10:10); abusiswa yimpilo kaJesu ebandleni]

Ukuzindla kwansukuzonke:
Ake uhlale ngokunethezeka endaweni enokuthula bese ubhekisa inhliziyo yakho kulezizinto:

- Ukuphefumula kwakho okunesigqi esifanayo
- Ukukhululeka kwawo wonke amalunga omzimba wakho
- Cabanga ugxile entweni eyodwa okuyiyona ekujabulisayo esontweni lakho

Thola isikhathi esiyimizuzwana buthule.

Ukuzinikela:
Ngizimisele ukubhekisisa indima engiyidlalayo ukuguqula ibandla lethu libe yilelo elifuze umphakathi onakekelayo.
Ngizimisele ukubhekisisa ezinye izindlela ezintweni ezinobungozi ezingavimbela inguquko kuwo wonke amazinga, njengezomnotho, ezenhlalakahle, ezentandoyeningi nezemvelo emphakathini.

Umkhuleko:
Nkulunkulu onomusa, sisize emcabangweni wethu uvumele uMoya oNgcwele usinike amandla, usiqinise uma sixhasa ibandla lethu ukuba libe ngelinakekelayo

ISONTO LOKUQALA- INGQIKITHI ENCANE: IBANDLA LETHU-INDAWO OKUNGEYETHU

Izenzo 2:43-47

Sindawonye eklasini …

1. Uma ucabanga ngalelibandla kwisifundo iZenzo lalinjani? Yilowo nalowo akasicobelele.

…….

2. Ungathini uma ibandla lakho linjalo? Ungathanda kanjani ukuba yilunga elamukelayo/eliphiwayo ngamanye amalunga ebandla? Ungathanda kanjani ukuba uphe abanye abantu abangamalunga ebandla**…….**

Xoxa nomuntu ohlezi eduze kwakho…

3. Uma ucabanga ngalelibandla elinje lingaba namthelela muni emphakathini?

…….

4. Yiziphi izimpawu ezingenza ibandla lakho licishe lifinyelele ekubeni yilolohlobo lwebandla elinakekelayo?

…….

5. Uma ibandla lakho seliseduze nokuba yibandla elinakekelayo, nizozijabulisa kanjani ngalesosenzo?

…….

6. Uma ibandla lakho lingakafinyeleli ekubeni yibandla elinakekelayo, nizokwenza mehluko muni ukuze nilisize libeyibandla elinakekelayo?

…….

Sindawonye eklasini…

7. Kusho ukuthini ukuthi "elinakekelayo?'

…….

8. Yikuphi okunye okubalulekile okukuthintayo kulesifundo seBhayibheli? Yisho ukuthi kungani ucabanga kanjalo?

…….

“Umsebenzi weviki”

…….

…….

…….

ISONTO LESIBILI-INGQIKITHI ENCANE: UKUNAKEKELA INDALO

Genesisi 1:24-31

1. Yisiphi isithombe esifikayo uma ufunda lesisifundo? Xoxa nalowo enihleli naye.

…….

Xoxani niyisigejana sabantu…

2. Yimaphi amagama asetshenzisiwe emavesini 26 no 28 ukuchaza ubudlelwane babantu nendalo, futhi yibuphi ubudlelwane obushiwoyo?

…….

Qhathanisa ukuhunyushwa okuhlukene kwamaBhayibheli eninawo.

3. Inisiza kuphi indikimba enicotshelelwe nguthisha ekuqaleni ukuqonda ubudlelwane phakathi kwabantu nendalo kuGenesisi 1:24-31?

…….

Emva kokucobelelana neklasi lonke, xoxani ngalemibuzo emaqenjini amancane…

4. Yikuphi ukuqonda okwejwayelekile kobudlelwane phakathi komuntu nendalo ebandleni lakho/emphakathini. Lokho kuqonda kusisiza ngani noma kumbi ngani?

…….

5. Uma sicabanga ngoNkulunkulu, sicabanga kanjani ngezidingo endaweni esiyakhele/noma emphakathini sibe futhi kudingakele ukuba sazi ngezibopho zethu kwindalo?

…….

Uma senicobelelene kwinkundla enkulu/iklasi, xoxa ngalemibuzo kwisigejana sabantu….

Ungaxoxa ngezinye izindaba zeBhayibheli ezibalulekile zokuthi uNkulunkulu wasithumela kanjani kwindalo. Yiziphi izindlela eziphathekayo esingazenza sizibhekise kwisifundo seBhayibheli ukuze sibonakale sivikela indalo esiyiphiwe nguNkulunkulu?

…….

Esezisungulela khona-simbona kanjani uNkulunkulu kwindalo esezimpilweni zethu nesemisebenzini yobuciko.

Yilowo muntu uyamenywa ukuba…

- Alobe umkhuleko (ngamazwi akhe kumbe kamakhelwane ohleli naye njengamanje) ochazayo ukuthi sithini isifundo seBhayibheli uma sithi kuwena uNkulunkulu uyakumema ukuba ubheke ikhaya-umhlaba. Cobelelanani lemikhuleko uma sekuvalwa ekugcineni.

  …….

"Umsebenzi weviki"

…….

ISONTO LESITHATHU-INGQIKITHI ENCANE: INDABA KATAMARI EBHAYIBHELINI IKHULUMA NGANI?

2 Samweli 13:1-22

Kwiklasi liphelele…

Wake wezwa lendaba ifundwa esontweni …ngesonto? Ake usicobelele sonke ukuthi kwakunini, kuphi lendaba ifundwa. Ake usicobelele sonke ngombono sonke uma ingakaze ifundwe ngaphambili.

…….

Kwisigejana sabafundi…

1. Ngobani abalingiswa abaqavile kulendaba nokuthi sazini ngabo? Dweba ubuhlobo phakathi kwabalingiswa abasendabeni yesifundo seBhayibheli.

…….

2. Yimuphi umsebenzi walowo nalowo wesilisa ekudlwengulweni kukaTamari kulendaba yesifundo seBhayibheli

…….

Uma sewucobelele iklasi ngemibono nemizwa yakho, xoxa ngokubanzi ngalemibuzo kwisigejana sabafundi…

3. Ububona bunjani ubudoda bukaAmnoni kulendaba yesifundo seBhayibheli?

…….

Bhekisisa lapha:

4. Yini evimbela uAmnoni ekuqaleni ukuba aveze uthando kanye nokuhuheka kwakhe kowesifazane kuTamari? vs. 2

…….

5. Yini lena eshintsha uthando lukaAmnoni (vs.1) lube wukuhuheka (vs.2) bese imenza ukuba abe yisilwane agcine ngokudlwengula vs.5-6)?

…….

6. Yini lena emenza ukuba enze lesisenzo sokuthanda/sokufisa/sokuhuheka/nokudlwengula (vs.4-6)?

   …….

7. Uthini ngokuphendula ngokungafuni kukaTamari (vs.14)

   …….

8. Uziphatha kanjani emva kokudlwengulwa uTamari (vs. 15-17)?

   …….

9. Uthini uTamari ngokuziphatha kukaAmnoni malungana nokuqonda kwakhe ubulililili besilisa?

   …….

   Qikelela lokhu okulandelayo:

10. Uthini uTamari (vs.12-13, 16) nalokhu okunye akushoyo malungana nokuqonda kwakhe ukuthi kusho ukuthini ukuba ‘yindoda.’
    …….

11. Wenzani uTamari (vs.19), nokuthi yiziphi izinto azenzayo ezisitshela ukuqonda kwakhe ngomuntu ‘oyindoda?

    …….

Emva kokucobelelana neklasi imizwa nemicabango yakho, xoxa kwisigejana sabafundi…

12. Uma ucabanga, yiziphi izinkolelo ezinqala zobudoda esikweni lakho? Ucabanga ukuthi zikhona yini izindlela ezinye zokubhekisisa ubudoda? Ikhona yini imimoya (influences) enamandla ongase uyisebenzise kwisiko noma kukholo lwakho?

    …….

    …….

    …….

13. Singayiveza kanjani indaba “yobudoda” ezindabeni ezahlukene zesiko, zobulililili nezakontanga?
    …….

    …….

    …….

“Umsebenzi weviki”

…….

Umkhandlu Wamabandla i-Diakonia yasungula umkhankaso ***woLwesiNe Abamnyama (Thursdays in Black)*** ngesikhathi sokugujwa komkhankaso ka-16 Days of Activism ekupheleni kuka-2008. Lomkhankaso ongapheli onenhloso ngqangi yokuqwashisa nokugqugquzela imiphakathi ukusebenzela umhlaba ongenaludlame olubhekiswe kwabesimame nabantwana. Gqokani izingubo ezimnyama njalo ngoLwesiNe ukukhalela labo abesimame abasabambekile othandweni olunesihluku, lapho becindezelekile nalapho bedilikicelwa phansi izithunzi zabo

“Sigqugquzela amabandla abambane ngezandla nezakhamizi zomhlaba ngokugqoka izingubo ezimnyama ngoLwesiNe ukukhombisa ukuthi sikhathele ukudlwengulwa nokuhlukunyezwa kwabesimame nabantwana emphakathini, sihlukunyezwe ngamagama ayizwiswana nokuthi sinesifiso sokuba sibe nemiphakathi lapho sonke siyohamba ngokuphepha emigwaqweni singabi naluvalo lokushaywa, sibandlululwe ngenxa yobulililili noma ngemvelaphi uobilililili

ISONTO LESINE-INGQIKITHI ENCANE: ITHEMBA NGOMUSA

Isaya 64:4-8 nabase 1 Korinte 2:9-14

Eklasini…

1. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uziveza kanjani izinto kithina namuhla?

…….

…….

Kwisigejana sabafundi…

2. Uma uqhathanisa lezizindaba zombili, yiziphi izigejana zamazwi asivumelayo ukuthi singabantu bakaNkulunkulu?

…….

…….

3. Yiziphi izimpawu ezikhombisa ukunakekela (life-affirming qualities) esizithola kuMoya oyiNgcwele kaNkulunkulu? Lezizimpawu zehluke ngani kunalezo zikamoya wasezweni?

…….

……..

Uma sesihlangene sonke….

4. Yiziphi izizathu ezenza uPawuli acaphune ku-Izaya umprofethi kulencwadi yabaseKorinte?

……
……..

Ukubhekisisa kulezizincwadi ezine:

5. Lezizingxoxo esezithathe amasonto amane ezithinta ubulungiswa emiphakathini zilwehlisile noma zilukhuphulile uthando lwakho ngalesisihloko?
……
…….

6. Yiziphi izinto ezingasoze zasuka emqondweni wakho uma ukhumbula Isikhathi Sobulungiswa Emphakathini (Social Justice Season) sika 2013 futhi yingani zibalulekile kuwe?

……

……

7. Yingani ukuba lezizingxoxo zikushukumise ukuba ubambe iqhaza lokusukuma wenze?

……
……..

8. Yiziphi izindlela ezingenza ukuba ibandla lakho libe wumphakathi onakekelayo ngenxa yalezizifundo/ izingxoxo, nemibhidlango yamasonto onke?

…….

…….

“Umsebenzi weviki”

……..

……..

……..

Amanothi:

…….

……....

……....

…….

…….

…….

……

……

……

……

……

……

……

……

……

……

……

……

……

Diakonia Council of Churches

PO Box 61341

Bishopsgate
4008 KZN
South Africa

Diakonia Centre

20 Diakonia Avenue

4001 Durban

Phone: [031] 310-3500
Fax: [031] 310-3502
e-Mail: the.director@diakonia.org.za
Website: www.diakonia.org.za

UMBONO
Umphakathi oguqukile osebenzela ubulungiswa bezenhlalo yabantu.